



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI EMSINGA MHLAKA 25 JANUARY
2008.**

Nginyanibingelela nonke.

- Uhulumeni wethu uthatha ukwakhiwa kwemigwaqo njengomgogodla ekwakhiweni komnotho nokulethwa kwentuthuko. Akungabazeki-ke ukuthi indawo yaseMsinga nesiFunda saseMzinyathi sonkana sihlomula kakhulu kulokhu.
- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ufake imali ebalelwa ku-R97.7 million ngonyaka wezimali ka-2007/2008 ukubhekana nezinsalelo zezidingo zomphakathi kulesi Funda, waphinda wabeka imali ebalelwa ku-R120 million ngonyaka wezimali ka-2008/09.
- Ezinyangeni ezine ezedlule, besilapha eMsinga, KwaNxamalala lapho sasethula umkhankaso wethu ka 'Operation Kushunquthuli'. Kulo mkhankaso siqinisa ukuzibophezela kwethu ekuletheni ithemba emiphakathini edinga kakhulu ukuze nayo ikwazi ukujabulela impilo engcono kubantu bonke.

- Sifake imali emisebenzini yokugcina imigwaqo isesimweni, ekwaxhiweni kwengqalasizinda yomgwaqo, ezinhlelweni zokulwa nobubha nasekufukuleni imiphakathi jikelele. Kunemisebenzi eyisipesheli esiyilethile lapha ehlanganisa phakathi kweminye iDicky Bridge, iSphongweni Road, uNxamalala Road, uNyonini Road, iZingulubeni Road, iMbalane Bridge, uP549 neNhlesi Road.
- Kuyajabulisa ukuthi nanamhlanje kusaqopheka umlando ezimpilweni zabantu baseMsinga, njengoba sihlaba isoyi njengophawu lokuqala komsebenzi wokufakwa kwetiyela emgwaqeni uMain Road 32 nokwaxhiwa komgwaqo uZonyama Road.
- Ibalelwa ku-R7 million imali ebekelwe umsebenzi kaMain Road 32 ongamakhilomitha ayisikhombisa ubude. UZonyama Road wona ubekelwe isamba sika-18 million emsebenzini ongamakhilomitha angu-14 ubude. Yomibili le misebenzi kulindeleke ukuthi iphothulwe ngoSeptember 2008
- Siyazi ukuthi ngonyaka ka-2002 kwaba nemizamo kamasipala waseMsinga yokwakha uZonyama Road kodwa kwangaphumelela ngenxa yokushoda kwezimali nokuntuleka kolwazi lobuchwepheshe ethimbeni likamasipala. Ngithanda ukukugcizelela ukuthi leyo inkinga esibhekana nayo esifundazweni sonke.

- Yingakho nje uMnyango wami usuqale ukulekelela omasipala ngakwezobunjiniyela uma behlela ingqalasizinda yomgwaqo. Kukhona omasipala asebeke basinxusa ukuthi sibagcinele imigwaqo yabo isesimweni, kodwa sathola ukuthi ukugcina leyo migwaqo isesimweni kungafana nokuyiqala phansi ngenxa yokungahleleki kahle kwayo.

- Manje sesithe ngeke sithathe imigwaqo siyigcine isesimweni uma ingahlelwanga ngokubambisana nathi njengoMnyango wezokuThutha.

- Ngiyazi ukuthi kukhona asebeke basigxeka ngokuthi siphendula amasoyi singabe sisawuletha umsebenzi. Kodwa okuxakayo ngokuthi ababe besavela ukuzoxolisa uma sesifika sizovula ngokusemthethweni imigwaqo ngesikhathi esasisinqumile. Kodwa-ke asinandaba nokuxolisa kwabo thina, sijabulela ukubona izimpilo zabantu ziguquka ziba ngcono kuphela.

- Ngifuna ukuqinisekisa ukuthi ngemuva kwezinyanga ezingu-9 kusuka manje, siyobe sivula ngokusemthethweni le migwaqo ukuze kusizakale umphakathi ngalokhu phakathi kokunye:
 - Ukuhamba kwezimoto ngokuphepha;
 - Ukuphepha kwabahamba ngezinyawo ikakhulukazi izingane zesikole;
 - Amathuba ezohwebo emphakathini wendawo;
 - Amathuba okuthuthukisa ezolimo emphakathini;
 - Ukufinyelela kalula ezikhungweni zamabhizinisi eziseduze;
 - Ukuphela kothuli olunzima olubeka ezimpilo engozini;
 - Ukwanda kwamathuba okulethwa kobuchwepheshe bamakhompyutha i-I.T. ezikoleni eziseduze.

- Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe ngumthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni.
- Ngigcizelela ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi. Kumele siqinise imikhankaso yokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona, sicacise ukuthi sakha imigwaqo yokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.
- Kulo nyaka uMnyango wezokuThutha ugubha iminyaka eyishumi kwaqala umkhankaso ka-**Asiphephe** owasungulwa ngo-1998 nguDkt Sbu Ndebele owayephathiswe lo Mnyango manje osenguNdunankulu. Sizoyiqinisa kakhulu imikhankaso yezokuphepha emgwaqeni unyaka wonke. Asidlali uma sithi unyaka wonke.
- Ngithanda ukuxwayisa okhanda limtshelokwakhe emgwaqeni ukuthi izinto zizoshintsha kakhulu kulo nyaka. Sizozalisa ngohlelo lokuthatha amaphuzu elayisensi kwabaphula umthetho kulo nyaka wezimali. Sizozidla kancane kancane izincwadi zenu zize ziphele nya.
- Okokugcina, mangihalalisele umphakathi waseMsinga ngentuthuko yemigwaqo namabhuloho asebakhelwe wona nabasazokwakhelwa wona. Kuyacaca ukuthi ngempela ukusebenza kwethu kugxile ekubhekeleni izimpilo zabantu bakithi.

Ngiyabonga.